Incwadi iSiyakhula Discipleship yenzelwe ukugqugquzela ukukhula ngokomoya kwabantu kanye nezixuku, ekuxhumaneni kwabo neNkosi.  Iqukethe iziqephu ezine zamasonto ayisithupha, loluchungechunge lwe Discipleship luqondisa abazimbandakanyayo endleleni yenguquko, kusuka ngaphakathi kuya ngaphandle. Amasonto ayisithupha okuqala agxile ezintweni eziyisisekelo, kulandele ukuzithola ngofuzo kuKhristu uJesu emasontweni ayisithupha.  Isiqephu sesithathu esidonsa amasonto ayisithupha sibheke ekwenzeni kabusha uhambo siveza isimo senhliziyo nalokho okubaluleke kakhulu, ekubeni isiqephu sokugcina naso esidonsa amasonto ayisithupha sigxile kwabanye kanye nomsebenzi.

**Isebenza kanjani incwadi iSiyakhula Discipleship?**

Cabanga ngabalimi abakhulisa izitshalo.  Banendlela elula yokuqinisekisa isivuno esihle. Okokuqala, benza umhlabathi ukulungele ukulinywa. Bese betshala imbewu emhlabathini olungisiwe.  Emva kwalokho bayanisela, ngokunakekela, imbewu iyaqhuma ibe yisitshalo.  Ekugcineni, emva kokunakekela izitshalo, kubakhona isivuno!

Ngendlela efanayo, kunesu elilula labantu abakholelwayo kuNkulunkulu.  Uma silangazelela ubudlelwane obujulile futhi obuqinile noNkulunkulu, kumele silandele yona lendlela yezitshalo.  Okokuqala, kufanele silungise izinhliziyo zethu, njengoba kwenza abalimi belungisa umhlabathi.  Sikwenza lokhu ngokufunda ngezimfundiso zikaNkulunkulu, okufana nokutshala imbewu ezinhliziyweni zethu.  Bese, sizindla futhi sikuqonde lokho akushilo uNkulunkulu.  Kufana nokunisela imbewu.  Ekugcineni, kumele siphile impilo yethu ngendlela ebonisa izinto ezinhle esizifunde kuNkulunkulu. Yindlela esithola ngayo "isivuno" sokufana noKhristu ezimpilweni zethu.  Kufana nokunakekela izitshalo ukuze kutholakale isivuno esihle.  Ngokulungisa izinhliziyo zethu, sifunde kuNkulunkulu bese siphila lokho esikufundileyo, singaba ne "sivuno" esihle ezimpilweni zethu.

Isikhawu ngasinye sinalezizingxenye ezine ezilandeleka kalula.  Ukulima, ukutshala, ukunisela kanye nokuvuna.

# UKULIMA



Ingxenye eyisingeniso yalesisiqephu yenzelwe ukuthi abantu bazizwe bekhululekile futhi isize ekutheni bazimbandakanye ngokukhululeka.   Imibuzo elula isiza ekwenzeni izinto zihambe kahle, futhi yenzelwe ukuze wonke umuntu azizwe ekhululekile.  Lena yindlela elula nenobungani yokuqalisa, uma kusendlalelwa isihloko okuzokhulunywa ngaso.  Gqugquzela abantu ukuthi bazimbandakanye ngaphandle kwengcindezi.



## UKUTSHALA

Engxenyeni yesibili yalesisiqephu, sitshala imbewu yezwi lika Nkulunkulu ngokufunda ndawonye umbhalo.  Kungakuhle ukuthi umuntu ngamunye esixukwini afunde ivesi uma efisa, agqugquzele nabanye ukuthi babeyingxenye.

## UKUNISELA



Ngesikhathi sokunisela kunemibuzo okumele kuxoxiswane ngayo esixukwini, sigqugqumezelwe ukujula ngalokho okufundwe eBhayibhelini.  Lemibuzo ayinzima kodwa ikhandelwe ukugqugquzela abantu ukuthi bazindle futhi bacabange ngalokho uNkulunkulu engabe ekukhuluma kubo ngezwi lakhe.

## UKUVUNA



Engxenyeni yokuvala lesisiqephu sokuvuna, sigqugquzela ukuthi okukhulunywe ngakho kube ngokomuntu ngamunye ngokuthi anikwe ithuba lokukusebenzisa.  Nakuba ingekho ingcindezi yokwabelana ngalokho umuntu akucabangayo noma ngendlela azizwa ngayo, kodwa kuvulelekile ukuthi abathandayo bakwenze lokho.  Lesisikhathi sibucayi njengoba abantu beveza lokho uNkulunkulu akukhulumile nabo futhi bebheka umthelela wakho ohambeni lwabo naye.

Lokhu Okuqukethwe kulencwadi kuthathelwe emibuzweni eseBhayibhelini iSerendipity.[1]

---

[1] Coleman, Lyman, ed. *Serendipity Bible: For Personal and Small Group Study*. Revised & Enlarged edition. Grand Rapids, MI: Littleton, CO: Zondervan, 1996.

## Isonto 1: isono (Genesise 3:1-23)

# UKULIMA

1. Yikuphi ukudla okukulinga kakhulu, futhi kungani?
2. Xoxa ngenkumbulo yobuntwana lapho ungena enkingeni enkulu kubazali bakho.

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kuGenesise 3:1-23. Cela umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Ubani noma yini ocabanga ukuthi imelwe yinyoka - isidalwa sangempela, uphawu lwento engamampunge, noma okunye okuthile?
2. Hlola ukuphawula kwenyoka emavesini 1, 4, no 5. Yiziphi izingxenye eziyiqiniso, futhi yiziphi ezingamanga? Kungani ucabanga ukuthi inyoka ixuba iqiniso namanga?
3. Qhathanisa izimpendulo zika Eva (emavesini 2-3) nemithetho kaNkulunkulu (Genesise 2:9, 16-17). u-Eva uyizwa bese eyiguqula kanjani imiyalo kaNkulunkulu?
4. Umuntu angalingwa kanjani namuhla ngombuzo ofanayo, "Ingabe uNkulunkulu washo ngempela...?"
5. Hlola umqondo wento "enhle" kodwa engezwakali kahle. Lokhu kuhlobana kanjani nomqondo wesizukulwane esithi "uma-kuzwakala-kahle-kwenze"?
6. Ucabanga ukuthi kwakungani u-Adamu edla isithelo? Umbona u-Adamu njengomuntu onganaki kakhulu noma kancane kuno-Eva, futhi kungani ubona kanjalo?
7. Kwakungani u-Adam no Eva bezimboza futhi bemcashela uNkulunkulu?
8. Ngabe uNkulunkulu wakuvumela ukwehluleka kuka Adamu no Eva lapho belingwa, noma bazikhethela? Lokhu kuvezani ngoNkulunkulu?
9. Yini esiyifundayo ngesono nemiphumela yaso kulendaba?

# UKUVUNA

1. Bheka isilingo sikaJesu encwadini NgokukaLuka 4:1-13. Zazifana kanjani, futhi zazihluke kanjani izimpendulo zikaJesu? Ungazisebenzisa kanjani empilweni yakho izimpendulo zikaJesu elingwa?
2. Kulula kangakanani kuwe ukuvuma lapho wonile?
3. Kukhona yini empilweni yakho lapho khona uhlushwa zilingo?

## Isonto 2: Ukukhululwa (NgokukaJohane 3:1-21)

# UKULIMA

1. Emndenini noma esikweni lakho, bathini abantu ezinganeni uma zibuza ukuthi zivelaphi izingane ezincane? Wawusungakani uma uqala ukuzwa iqiniso lalendaba?
2. Uzizwa kanjani uma umuntu ekhanyisa usalele?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini ngokukaJohane 3:1-21. Cela umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Yini ongayifunda ngo Nikodemu emavesini 1-2? Kubaluleke ngani ukuthi weza kuJesu, kungani ucabanga ukuthi kwakusebusuku (bheka amavesi 19-20)? Kungani uJesu wabanempendulo eqonde ngqo?
2. uJesu no Nikodemu bacabange ngezindlela ezimbili zokuzalwa, yiziphi zona?
3. Yiliphi iphuzu alibekayo uJesu ngokuqhathanisa ukuzalwa ngokukamoya nomoya ovunguzayo? uJesu ukuchaza kanjani ukungabi nakuqonda kukaNikodemu?
4. uJesu ukhuluma nge"nyoka ogwadule" (Numeri 21:4-9) amavesi 13-15? Kusitshelani lokhu ngalokho uJesu eza ukuzokwenza?
5. Yini ayishoyo ngoNkulunkulu amavesi 16-18, ukulahlwa nokuthi ukholo luyabonakala (amavesi 15-21)?
6. Wayewasebenzisa kanjani uJesu amagama athi "ukuzalwa kabusha" nokuthi ungamchazela kanjani umuntu ongakaze awezwe?

# UKUVUNA

1. Yini eyaveza uthando lwakho ngoJesu? Kungani?
2. Ukuphi njenga manje ngohambo lwempilo yakho yangokomoya: ngabe awukacabangi?
   Uyathuthuka kodwa awugqamile? Ulungele ukuzalwa? Uyagxumagxuma njengengane? Ukhula onke amalanga? Chaza.

# Isonto 3: Umthetho (KwabaseRoma 4)

## UKULIMA

1. Xoxa ngalokho okubone ku TV, YouTube, noma okuthole esithembisweni sokhetho esingakholakali nesiyihlaya. Yini ekwenza ungasinaki esikhundleni sokuthemba isethembiso sezinto "zamahhala"?
2. Ngabe lamaqhinga anamuphi umthelela endleleni obona ngayo lezizethembiso ezinkulu? Ngabe kunzima yini kuwe ukuthemba izethembiso eziseBhayibhelini?

## UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kwabaseRoma 4. Cela umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

## UKUNISELA

1. Abanye abaphenduki abangamaJuda babekholwa ukuthi uma benza umthetho kuzobenza babebahle emehlweni kaNkulunlulu. Kungani uPawulu wayekhuluma ngezibonelo ezinjengo Abrahama no Davide?
2. Ngabe isahluko 4:3-8 sikubonisa kanjani okushiwo esahlukweni 3:27-28? Ngalokho ke sibunikwe kanjani ukudlelwane obuhle noNkulunkulu?
3. uPawulu ukhombisa ukuthi u-Abrahama wayebukeka njengolungile emehlweni kaNkulunkulu ngaphambi kokuthi asokwe. Ngabe isahluko 4:9-17 sikusekela kanjani okushiwo nguPawulu esahlukweni 3:29-31 ngokholo nomthetho?
4. Isibonelo sika Abrahama sikufundisani ngokholo emavesini 18-21? Ucabanga ukuthi lesisethembiso sezwakala kanjani ku Abrahama?
5. Ungakuchaza kanjani ukumazi kuka Abrahama uNkulunkulu? Lamaqiniso axhumana kanjani nalokho uPawulu afuna sikukholwe emavesini 23-25?
6. Yimaphi amaphuzu amqoka ezwi atholakala emavesini 23-25?

## UKUVUNA

1. Yisho amagama abanye abantu abaseBhayibhelini obabona njengezibonelo okholweni. Yisho igama lomuntu onokholo olubeyisibonelo kuwe? Yini egqamayo ngalababantu kuwe?
2. Ngabe kunendaba yini kuwe ukuthi ubudlelwane obuhle noNkulunkulu buyisipho noma umklomelo otholakalayo? Kungani?
3. Uma ubudlelwano obuhle buyisipho, ungasisebenzisa kanjani isibonelo sika Abrahama ekuqophisaneni nombono othi singakuzuza noma sikusebenzele ukuba nobudlelwane obuhle noNkulunkulu?
4. Ukuthola kunzima kuphi ukuthemba izethembiso zikaNkulunkulu? Singaku Gqugquzela kanjani isibonelo sika Abrahama?

## Isonto 4: Umusa (NgokukaLuka 15:11-32)

# UKULIMA

1. Wahamba nini ekhaya? Wayakuphi? Kwenzakalani?
2. Emndenini, ubani ogcina imithetho, ngubani futhi onganaki? Wena ke ungumuphi kulaba, kungakanani ukuzwana kwenu?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini ngokukaLuka 15:11-32. Cela umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Yimaphi amazinga okudlula kuwo indodana encane ohambeni lwayo? Yini eyenza ibone iphutha layo, futhi yini eyayiyiqonda ngalesosikhathi? Izizwa kanjani uma isibuyela kuyise?
2. Ucabanga ukuthi wayenzani nje ubaba ngenkathi indodana isahambile? Yini ucabange lokho, uyimukela kanjani indodana yakhe uma ibuya?
3. Uzizwa kanjani umfowabo omdala ngokubuya komfowabo omncane, kungani? Unjani umoya wakhe ngalokho? Wenzenjani ubaba ngokukhathazeka kwendodana endala?
4. Yini ingqikithi yendaba kaJesu? Ifundisani ngesono, ukuphenduka nangothando luka Nkulunkulu?
5. Ungayinika esinye isihloko lendaba, njengesithi “Ubaba Olindile” noma “Umfowabo Omdala”? Kungani noma yini ungeke uyinike esinye isihloko?
6. Ngabe lemifanekiso emithathu ikuphendula kanjani ukuphikisa kwabaFarisi evesini lesi 2? Yini le uJesu afuna ukuyifundisa abaFarisi emavesini 25-31? Uma ubheka umongo wendaba (kuvesi 2), yini inhloso kaJesu yokushiya ilenga indaba yendodana endala?

# UVUNA

1. Uma uziqhathanisa nalamadodana amabili, yiyiphi ozifanisa nayo kakhulu? Wanelisekile ngokuba sekhaya, uphilele nje inamuhla, ubhekane nemiphumela yayizolo, usabuyela ekhaya? Ngumuphi obungazifanisa naye eminyakeni eyishumi edlulileyo noma ebusheni bakho?
2. Yikuphi ongakusho ngoNkulunkulu onakekelayo futhi owamukelanayo, njengalobaba osendabeni?
3. Kunini lapho khona wawuzizwa njengendodana endala, uphatheke kabana ngenxa yalokho uNkulunkulu akwenzela abanye? Kungani wawuzizwa kanjalo?

# Isonto 5: Ukubuyisana (NgokukaMathewu 27:45-56)

## UKULIMA

1. Xoxa ngesikhathi wawusemngcwabeni owawunzima kuwe – kwakungaba owomngani, owelunga lomndeni noma umuntu obalulekile ezweni. Wakwenza wazizwa kanjani?
2. Ikhona yini into ekwenza uwuthokozele umngcwabo?

## UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini ngokukaMathewu 27:45-56. Cela umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

## UKUNISELA

1. Uma ucabanga kungani uJesu wayekhala kangaka kuvesi 46? Kusho ukuthini kuJesu, wena kwenza uzizwe kanjani?
2. Abantu abadabukela uJesu babonani, bezwani futhi benzani?
3. Yini le eyayivelele ngezinto eziyimilingo ezenzeka uma uJesu efa? Laphatheka kanjani ibutho lamaRoma elaliphethe?
4. Ucabanga ukuthi lokhu kwaguqula indlela abalandeli bakhe babecabanga ngayo ngaye? Yini engacatshangwa abalandeli bakaJesu ngaye manje?
5. Ngenkathi uJosefa ecela isidumbu sikaJesu, yiyiphi ingozi ayezifaka kuyo ku Pilatu nakubaholi bezenkolo?
6. Ngenkathi abaholi bezenkolo bebeka abaqaphi ethuneni, ngabe babecabanga ukuthi ngempela uJesu usazovuka? Noma babekhathazwe ukuthi abafundi bakhe bazoseba isidumbu? Noma kukhona okunye okwakusemiqondweni yabo? kungani?
7. Kwakuyokwenzakalani kubaqaphi bamaRoma ukuba uJesu "weqa"?

## UKUVUNA

1. Kungani ucabanga ukuthi uJesu wazizwa eshiywe nguNkulunkulu ngesikhathi esesiphambanweni?
2. Wayela bani esiphambanweni?
3. Ungamchazela kanjani umuntu ongeyena umKhristu ukuthi uJesu wafelani?
4. Ngabe ukufa kukaJesu kuyisehlo sangempela noma umuzwa wongokomoya kuwe? kungani?
5. Ngabe wake wazama ukumvimba uNkulunkulu engenelela empilweni yakho? Wawukwenzelani lokho, kwaba yini umphumela?

## Isonto 6: Ubukhosi (KwabaseKolose 1:15-23)

# UKULIMA

1. Ngalesikhathi usaseyingane, ngubani owawumthatha njengomlingiswa oyiqhawe, kungaba ku TV noma nje empilweni, owawumhlonipha kakhulu? Kungani wawumhlonipha?
2. Uma ubheka ebunganeni bakho, wake wabanawo yini umuzwa wokuba nomuntu oyisidlakela noma onamandla oyisibonelo kuwe? Kungani wawunalowo muzwa noma kungani wawungenawo?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku encwadini KwabaseKolose 1:15-23. Cela umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. "Izibulo" ninelungelo lobundlalifa. Yiliphi ilungelo analo uJesu uma ubheka amavesi 15-18? Uhlobene kanjani "nazo zonke izinto", kungani lokhu kugcizelelwa?
2. Uxhumene ngani uJesu kuNkulunkulu kanye nebandla? Kuchazani ukuthi "ugcwalisiwe" (evesini 17)?
3. Ngendlela ecacile, ungakuchaza kanjani "ukubuyisana"?
4. uJesu wakuzuza kanjani ukubuyisana?
5. Yiluphi uguquko ongalubona ngemuva noma ngaphambi kwendaba emavesini 21-23?
6. Ngokubheka kwabaseKolose 1:15-23, kuchazani ukuthi uJesu abe umfunekiso kaNkulunkulu ongabonwayo? Lokhu kukwenza umqonde kanjani uNkulunkulu?
7. Kulombhalo, uPawulu uyigcizelela kanjani indima kaJesu ekudaleni nasekubuyisaneni?

# UKUVUNA

1. Ukususela kulombhalo, ungamcebisa kanjani umuntu othi "Ngingamazi kanjani uNkulunkulu?"
2. Zikhona yini izikhathi lapho khona abantu noma ezinye izinto zibukeka zinamandla kunoJesu? Kungani ucabanga kanjalo, uzizwa kanjani wazi ukuthi kwazona lezozinto zingaphansi kombuso kaKhristu?
3. Lokhu kusho ukuthini kithi?